# Okuqhukethwe Phakathi

INkosi Yanethisa Umlilo Nesibubule Kuvela Ezulwini………………………..4

Inchazelo Yokuchithwa……………………………………..……………6

Ulaka lukaNkulunkulu kusho ukusitha ubusobakhe……………..……………9

Isiphambano Sidazululu Imfihlakalo………………………..……………..10

Izono Zabantu Zinomthelela Emhlabeni………………….....………………14

Izingelosi Ezimbili Ezathunyelwa Ukubhubhisa Idolobha……………………21

Isicapha Esivaliwe……………………………………………………….26

Ukubhujiswa Kwababi Kokugcina………………………………………28

Ingqikithi Ngendaba Yokubhujiswa kweSodoma.…………………………….37

## Inkosi Yanisa Umlilo Nesibubule Zivela Ezulwini

Ngokufunda kokuqala, kubonakala sobala ukuthi uJehova wathululela phezu kweSodoma neGomora umlilo mathupha:

> Gen 19:24 Khona uJehova wanisa phezu kweSodoma naphezu kweGomora isibabule nomlilo, kuvela kuJehova ezulwini;

> Ngokushesha nje kungelindelwe njengombani nokuduma okukhulu kuvela esibhakabhakeni esingenafu nelilodwa, isiphephosaqala. INkosi yanisa isibubule nomlilo kuvela ezulwini phezu kwamadolobha namathafa anemithi ethelile; amathempeli awo kanye nezigodlo zawo, imizi ebizayo, izingadi nemivini nezixuku ezilandela ubumnandi nenjabulo, babeke bathuka izithunywa zezulu ubusuku obudlule – baqothulwa bonke. {PP 162.2}

> Kwaba lula kanjani ukuba ukuqhuma kukaNkulunkulu kuphendule lesasimo esasisihle kangaka saphenduka ize neze. {CTr 80.3}

Nokho kwamele silandele indlela yokuhumusha iBhayibheli kaWilliam Miller, ibandla lensala elayinikezwa nguNkulunkulu, ukuliqinisa phezu kwesisekelo:

> Ukuqonda imfundiso, letha amavesi wonke akhuluma ngendaba ofisa ukufunda ngayo; bese uvumele lonke igama libe nesisindo salo, kanti uma ukwazi ukuphuma nesifundo sakho ngaphandle kokuphikisana kwamavesi, akunakwenzeka ukuba uduke. Umthetho 4

> Labo abaphethe umsebenzi wokushumayela umyalezo wezingelosi ezintathu bahlolisisa uMbhalo besebenzisa uhlelo olwasetshenziswa nguMkhulu uMiller. {RH, November 25, 1884 par. 23}

Ngaphambi kokuba sibheke imnniningwane yodaba, asibuzeni imibuzo elandelayo: Ingabe kukhona yini eBhayibhelini, lapho okuthiwa uNkulunkulu washaya wabulala umuntu, kodwa nokho kuvezwe ngesikhathi esifanayo ukuba kwakungasiye uNkulunkulu owayebashaya mathupha?

> Jobe 1:9-12 USathane wamphendula uJehova, wathi: "UJobe uyamesaba uNkulunkulun geze na? (10) Wena awumbiyelanga yini yena nendlu yakhe nakho konke okwakhe nxazonke, wabusisa umsebenzi wezandla zakhe na? Impahla yakhe yandile emhlabeni. (11) Kepha ake welule isandla sakho, uthinte konke anakho, impela uyakukuthuka ebusweni bakho." (12) **Wathi uJehova kuSathane: "Bheka, konke anakho kusesandleni sakho;** kuphela kuyena uqobo ungabeki isandla sakho." Wayesephuma uSathane ebusweni bukaJehova.

> UJobe 1:16 Esakhuluma lowo, kwafika nomunye, wathi: "**Umlilo kaNkulunkulu uwile ezulwini,** washisa izimvu nezinceku, waziqeda; mina ngedwa kuphela ngisindile, ukuze ngikubikele."

> UJobe 2:3 Wayesethi uJehova kuSathane: "Inhliziyo yakho iyiqaphele inceku yami uJobe na? Ngokuba akakho onjengaye emhlabeni, umuntu ongenasici nolungileyo, omesaba uNkulunkulu, obalekela okubi; usabambelela ekupheleleni kwakhe, **noma ungivusele ukumchitha engenacala."**

Kulendatshana, inceku kaJobe ayigcini ngokucabanga ukuthi umlilo wavela kuNkulunkulu uqobo kwangathi nguyena owayeshaya uJobe. Lokhu kubangelwa ukuthi amandla wonke vele angawakhe okushokhona ukuthi akukho okungenzeka ngaphandle kwemvumo yakhe.

> AmaHubo 62:11 UNkulunkulu ukhulumile kanye, ngikuzwe kabili ukuthi amandla angakaNkulunkulu.

## Inchazelo "Yokuchitha"

Nembala akukho okungenzeka ngaphandle kwemvume kaNkulunkulu nokho lokho akusho ukuthi isijeziso noma induku isuke ivela kuye mathupha. Asithi ukubheka ukuthi kwenzekani kahle-hle endabeni yaseSodoma neGomora:

> Deut 29:23 Nezwe lonke langakhona ukuthi lishisiwe, liyisibabule nosawoti, lingenakutshalwa, lingenakho ukumilayo, lingenambali ekhahlelayo, linjengo-**kuchithwa** מהפכה [H4114] kweSodoma neGomora neSeboyimi **achithwa**. הפך [H2015] nguJehova ngentukuthelo yakhe nangolaka lwakhe.

UMose ekuchazeni isiphetho salawamadolobha, usebenzisa izenzo ezimbili ezishicilelwa ngokuthi ukuchithwa. Elokuqala esikhathini esiningi elisetshenziswayo lichaza ukubhubhisa [H4114], elesibini lichaza into ehluke kakhulu:

> H2015
>
> הפך
>
> hâphak
>
> haw-vak'
>
> A primitive root; to *turn* about or over; by implication to *{change} overturn {return} pervert:* - X {become} {change} {come} be {converted} {give} make [a {bed]} overthrow ({-turn}) {perverse} {retire} {tumble} turn ({again} {aside} {back} to the {contrary} every way).

Ngoba lokhu akukwazi ukuba ngumusho kuphela eMbhalweni, igama lesibili liletha ukukhanya endleleni yokubhidliza, okuthwa kwakuxhumene nokuphendulwa nokuphenduka. Igama elijwayele ukusetshenziswa ngelithi *phendula*. Emavesini alandelayo igama elifanayo lisetshenziswe ukutshengisa indlela uNkulunkulu aguqula isiqalekiso sibe yisibusiso:

> Neh 13:2 Ngokuba abahlangabezanga abakwa-Israyeli ngesinkwa namanzi, kepha babaqashela uBileyamu ukuba ebaqalekise; kodwa uNkulunkulu wethu **waphendula**[H2015] isiqalekiso saba yisibusiso.

Igama elifanayo lisetshenziswe ukuchaza ukuguquka kukaSawule.

1 Sam 10:9 Kwathi esefulathela emuka kuSamuweli, uNkulunkulu **waphendukisa**[H2015] inhliziyo yakhe yaba ngenye; zonke lezo zibonakaliso zafika ngalona lolosuku.

Igama elifanayo lisetshenziswe ukuchaza indlela abaseGibhithe baphendukela ngayo u-Israyeli.

AmaHub 105:23-25 U-Israyeli wayesefika eGibhithe, uJakobe wagogobala ezweni likaHamu. (24) Wandisa kakhulu abantu bakhe, wabenza babe namandla kunezitha zabo. (25) **Wayiguqula** [H2015] inhliziyo yabo ukuba bazonde abantu bakhe, baphathe izinceku zakhe ngobuqili.

Ingabe uNkulunkulu waziguqula kanjani izinhliziyo zabaseGibhithe ku-Israyeli? Ngokubathumela uJosefa ukuba ebabusise, kanti ngaye uJosefa wabenza isizwe esinothe kakhulu nesinamandla.

INkosi yavuma phambi kwabantu ukuba kwakungenxa yokungenelela kukaNkulunkulu kaJosefa ukuthi iGibhithe lithokozele inala lapho ezinye izizwe zibulawa yindlala. Wabona futhi, ukuthi ubuholi bukaJosefa, babunothise umbuso waseGibhithe, kanti ngokubonga kwakhe wabuka umndeni kaJakobe ngeso lobuntu wasewutshengisa isihe sasebukhosini.

Kodwa ngokuhamba kwesikhathi, indoda enkulu eyayikweletwa li-Gibhithe kangaka, nezizukulwane zibusiswe ngenxa yemisebenzi yayo, leyondoda yadlula emhlabeni. Khona "kwavela inkosi entsha eGibhithe eyayingamazi uJosefa." Kungasikho ukuthi yayingazi lutho ngemisebenzi kaJosefa ezweni, kepha yayingena sifiso soklunakaa leyomisebenzi, yazama ngamandla wayo wonke ukuba (lemisebenzi) incwatshwe yonke ize ikhohlakale unomphela. {PP 241.2-3}

Icebo likaNkulunkulu elalilungiselwe ukuba liguqule izinhliziyo zabaseGibhithe zibheke kuNkulunkulu weqiniso lelocebo lenza ukuba baqhelelane naye kakhulu. Kunokuthi bazizwe benecala kuMdali wezulu nomhlaba, bazikhethela ukuba babenezinsolo zokuthi u-Israyeli wayengabavukela ebathathele ilizwe.

Into ethathekisa kunazo zonke ngaleligama lesiHeberu elokuphendula ngeyokuthi lisetshenziswa ukuchaza umsebenzi wengilosi yesine ekuguquleni umhlaba eqinisweni.

> Isa 60:1-5 Vuka ukhanye, ngokuba ukukhanya kwakho kuyeza(kufikile); inkazimulo kaJehova iphumela phezukwakho. (2) Ngokuba bheka, ubumnyama buyasibekela umhlaba, nesigayegaye abantu, **kepha uJehova uyaphuma phezukwakho, nenkazimulo yakhe iyakuphuma phezukwakho.** (3) **Izizwe ziyakuhamba ekukhanyeni kwakho, namakhosi ekukhazimuleni kokuphuma kwakho.** (4) Phakamisa amehlo akho nxazonke, ubone; babuthana bonke, bezakuwe; amadodana akho ayakuvela kude, namadodakazi akho ayakuphathwa ngezingalo. (5) Khona uyakubona, ukhazimule; inhliziyo yakho iyakugquma, yanuleke, ngokuba ingcebo yolwandle **iyakuphendukela** [H2015] kuwe, nemfuyo yezizwe iyakuza kuwe.

Siyazi ukuthi ngezinsuku zokugcina nanoba iningi lizophenduka liphendukele eqinisweni, iningi labantu lizothola ukuthi izinhliziyo zenziwa lukhuni maqondana neqiniso kanye nabantu bakaNkulunkulu futhi bazofisa ukubashabalalisa.

> Ekuqaleni kwezinkathi zentshushiso, sagcwaliswa ngoMoya oyingcwele lapho sihamba sishumayela iSabatha nokugcwala kwalo. Lokhu kwathukuthelisa amabandla nabalindi ngokwegama kuphula, [izinhliziyo zaphendulwa] njengalokhu babengenakuliphikisa iqiniso leSabatha. Kanti ngalesi sikhathi abakhethiweyo bakaNkulunkulu bazibonela kahle ukuba sasiliphethe ngempela iqiniso, **beza bonke** [izinhliziyo ziphenduka] **babekezelela ukuhlukunyezwa kanye nathi.** Ngabona inkemba, nendlala, nezifo, nokudideka okukhulu emhlabeni. Izoni zacabanga ukuba yithi esasidala lezahlulelo phezu kwazo, zaphakama zacebisana ukuba zisisuse emhlabeni, zicabanga ukuthi lokho kuzoqeda umonakalo owawusenzeka. {EW 33.2}

## Ulaka LukaNkulunkulu Kushiwo Ukusitha Ubusobakhe

Ivesi elikuDutoronomi 29:23 libuye lithi iNkosi yakwenza lokuchithwa "entukuthelweni yakhe nangolaka lwakhe." Nokho iNkosi yethu ayifani nathi, imicabango yayo nolaka lwayo akusikho lokhu esikucabangayo. Uma iBhayibheli likhuluma ngolaka nentukuthelo yayo iNkosi, likhuluma lokhu lisebenzisa amagama aqondwa uluntu:

> Rom 3:5 Kepha uma ukungalungi kwethu kubonakalisa ukulunga kukaNkulunkulu, siyakuthini na? UNkulunkulu ungongalungile yini **owehlisa ulaka na? Ngikhulumisa okomuntu.**

Uma ulaka lukaNkulunkulu lingahlangene nokuthi enze into ethile yena mathupha, khona kwenzekalani uma sithola kusetshenziswe lamagama?

> Jer. 33:5 Bafika ukulwa namaKaledi, bazigcwalisa ngezidumbu ngezidumbu zabantu **engibabulele ngentukuthelo yami nangokufutheka kwami**, **nengifihlele lomuzi ubuso bami** ngenxa yabo bonke ububi babo.

Ulaka lukaNkulunkulu lufana nokufihlwa kobuso bakhe. Lena yindlela uNkulunkulu wathukuthelela o-Adima noSeboyimi – amadolobha amabili achithwa kanye kanye neSodoma neGomora.

> Hosea 11:8 Ngingakunikela kanjani, Efrayimi, **ngikukhaphele** Israyele na? Ngingakwenza kanjani ube njenge-**Adima**, ngikubeke ufane **neSeboyini**, na? Inhliziyo iyaphenduka phakathi kwami, sonke isihawu sami sivusiwe.

Lesibonelo sisitshengisa ukuba uJehova wabakhululela emphumeleni wokukhetha kwabo - into ebuhlungu kakhulu kuye ngoba enguBaba:

> U-Isaya 3:9 Ukukhetha kwabo ubuso kuyafakaza ngabo; benza izono zabo obala nje ngeSodoma abazifihli. Maye kuyo imiphefumulo yabo! **Ngokuba bazenzele okubi.**

> Gal 6:7-8 Ningaduki; uNkulunkulu akahlekwa. Ngokuba lokho akuhlwanyelayo umuntu, lokho wokuvuna. (8) Ngokuba ohlwanyelela inyama yakhe uyakuvuna ukubhubha kuyo inyama; kepha ohlwanyelela uMoya uyakuvuna ukuphila okuphakade kuMoya.

## Isiphambano Sidazulula Imfihlakalo

Umuntu wemvelo akakholelwa ukuba isono siyabhubhisa ngakho ucabanga ukuthi uNKulunkulu sekumele esukume mathupha enze okuthile ukuze ejezise isoni. Lokhu kwenzeka ngenxa yokuba engakholwa ukuthi inkokhelo yesono uqobolwaso ingukufa, Umuntu ucabanga ukuba uNkulunkulu nguyena okumele ekhokhele izoni. Kungasenani u-Isaya usitshela ngokusobala ukuthi abahlali baseSodoma baziphindisela ngobubi. Umbuzo uthi wona lokhu kwenzeka kanjani? Sizoyiveza njani lemfihlo yendlela okwenzeka ngayo? Lapho ububi balamadolobha womahlanu buphindela kuwona?

> **Imfihlakalo yesiphambano ichaza zonke ezinyimfihlakalo.** Ekukhanyeni okuvela eKalvari izici zemvelo zikaNkulunkulu ezike zasigcwalisa ngokwesaba nokuthuthumela zivela sezizinhle zithathekisa kakhulu. Umusa, ubumnene nothando lomzali kubonakala sekuxubene nobungcwele, ubulungiswa kanye namandla. Nanoba sibona inkazimulo yesihlalo sakhe, iphezulu iphakeme, sibona isimilo sakhe ebuhleni baso, bese siyaqonda ngendlela esingakaze saqonda ngaphambilini ukubaluleka kwalelo gama elikhungayo, igama elithi “Baba wethu.” {GC 652.1}

INdodanaka Nkulunkulu ayibulawanga nguYise ngenxa yezono zethu, kepha yazitshata lezono; zampintsha umphefumulo wakhe kwaze kwaba sekufeni. Nokho umuntu wemvelo “ushaya sengathi ijezisiwe, ishayiwe nguNkulunkulu, ihlushiwe.” U-Isaya 53:4. Amava okuhlupheka nokuhlukumezeka okwabangelwa yizono zethu kwenza iNdodana kaNkulunkulu izizwe sengathi ishiyiwe nguNkulunkulu – kwangathi uYise uyiphendukele wafihla ubuso bakhe, kanti uNkulunkulu wayelapho, futhiwahlupheka kanye neNdodana yakhe.

> “Ngingakunikela kanjani, Efrayimi, ngikukhaphele, Israyeli na? ngingakwenza kanjani ube njenge-Adima, ngikubeke ufane neSeboyimi, na?... UNkulunkulu wavumela ukuba iNdodana yakhe ikhashelwe ngenxa yezono zethu. **Yena uqobolwakhe uphenduka athwale isimilo sejaji maqondana nesoni, ekhumula iziqi zakhe zokuba nguYise**. {TM 245.2}

> **Kulobu bumnyama obushubileyo ubukhona bukaNkulunkulu babusithekile.** Wenza ubumnyama bubengamadokodo akhe, ufihla inkazimulo yakhe emehlweni abantu. UNkulunkulu kanye nezingelosi ezingcwele babekhona eduze nesphambano. **UYise wayeneNdodana yakhe. Nokho ubukhona bakhe abwambulwanga.** Uma nje inkazimulo yakhe ibike yavela esibhakabhakeni, wonke umuntu owayebhekile wayezobhubha noma ebeyimpumputhe. Kanti ngalo lelohola elesabekayo uKrestu kwakumele engaduduzwa muntu ngisho nobukhona bukaYise. Isikhamo sewayini wasinyathela yedwa, kwakungekho noyedwa kubantu. {DA 753.4}

Njengomthwali weSono, uKrestu wayengasabuboni ubuso obuhle bukaYise, kepha usembona engumaji ongumashiqela ongenazwelo nanoba yisiphi isiqu sikaBaba. Isono siyisizathu sokubona izinto ngalendlela, kanti umehluko yikuthi uKrestu wenelisa ukubhoboza ithunzi lobumnyama wabambelela ngokholo esimilweni sikaBaba seqiniso nanoba ukuqiniseka kwaleso simile kungakhanyi. Umuntu wemvelo akanakho ukukholwa okunje, kanti ngesikhathi ulaka lukaNkulunkululu luzwakala njengokusithwa kobuso bakhe, uyehluleka ukubambelela emuseni kaNkulunkulu. Njengoba uKrestu ehlukunyezwa yikho konke okuhlukumeza umuntu, uKrestu usuka esibanamava esiphambano sezinhlupheko nokubhubha kwabo bonke ababhubhela ezonweni zabo.

> U-Isa 63:9 **Ezinhluphekweni zabo zonke wahlupheka naye,** ingelosi yobuso bakhe yabasindisa; ngothando lwakhe nangokuhawukela kwakhe wabahlenga, wabanqukula, wabathwala zonke izinsuku zakuqala.

> Isambulo 11:8 Nezidumbu zabo ziyakusala ezitaladeni zomuzi omkhulu othiwa ngokomoya iSodoma neGibhithe, **lapho nenkosi yabo yabethelwa khona**.

Isambulo salemfihlakalo yesiphambano eSodoma neGomora sizosilekelela ukuchaza indlela ababhubhiswa ngayo. Abahlali baseSodoma neGomora ababulawanga nguBabawethu mathupha, kodwa ukushuba kwezono zabo kwadala isivunguvungu somlilo, esasizovunguza kuphela uma uBaba ethe ukusitha ubuso bakhe kulamadolobha nanoma engafuni ukwenza njalo yena futhi kubuhlungu ukukwenza lokho. Qaphelisisa indlela okwenzeka ngayo:

> **Ekubhujisweni kweSodoma neGomora, siyabona ukuthi uBaba ngeke ehlale egoqe izandla;** umlilo wehla uvela ezulwini wabhubhisa lamadolobha akhohlakele. UNkulunkulu usazisile ngokuhamba kwesikhathi indlela asebenza ngayo. **Konke okuqhubekayo emhlabeni ukubhekile. Kanti uma inhlekelele ifikile,** abe yena esekewaziveza ngaphambilini, **wazinikela ukuba amelane nokusebenza kwamacebo kaSathane. Esikhathini esiningi sekevumele** izizwe, nemindeni kanye nabantu ngabanye ukuba bebhekane nenhlekelele, ukwenzela ukuthi ukusebenza kwakhe kubonakale... {TSA 52, 53}

Qaphelisisa ukuthi iNkosi iyakubona konke okuqhubekayo emhlabeni. Wazi kahle kamhlophe ukuthi umhlaba uthwele ubunzima obungakanani ngenxa yokona komuntu. Uma uJesu ekhuluma ngokujeziswa kweSodoma neGomora, akasholutho ngoBaba noma nangaye uqobo nendima edlalwa nguye kukho konke lokhu:

> Luke 17:26-30 Njengokuba kwenzeka emihleni kaNowa, kuya kubanjalo nasemihleni yeNdodana yomuntu. (27) Babedla, bephuza, beganwa, bendiswa, kwaze kwafika usuku uNowa angena ngalo emkhunjini, **kwafika uzamcolo, wababhubhisa bonke.** (28) Kanjalo njengokuba kwenzeka nasemihleni kaLoti, babedla, bephuza, bethenga, bethengisa, betshala, besakha; (29) kepha

> ngosuku uLoti aphuma ngalo eSodoma **lana umlilo nesibabule kuvela ezulwini,** kwababhubhisa bonke. (30) Kuyakuba njalo ngosuku eyakwambulwa ngalo iNdodana yomuntu.

Umoya wesprofetho usivezela ukuba yini eyadala lesisiyaluyalu:

> Ngokutotosa isono, umhlaba uyonakala **njengezinsuku zeSodoma neGomora**, kanje ngezinsuku engekafiki uzamcolo. UJesu wayeshilo ukuba lokhu kuzoba yisimo somphakathi kuphinde kube wuphawu lokuza kwakhe. Wayethe: "Njengokuba kwenzeka emihleni kaNowa, kuya kubanjalo nasemihleni yeNdodana yomuntu. Babedla, bephuza, beganwa, bendiswa, kwaze kwafika usuku uNowa angina ngalo emkhunjini, kwafika uzamcolo, wababhubhisa bonke. Kanjalo njengokuba kwenzeka nasemihleni kaLoti, babedla, bephuza, bethenga, bethengisa, betshala, besakha; kepha ngosuku uLoti aphuma ngalo eSodoma lana umlilo nesibabule kuvela ezulwini, kwababhubhisa bonke. Kuyakuba njalo ngosuku eyakwambulwa ngalo iNdodana yomuntu." **Izono oku yizona ezaletha umlilo wobhujiso eSodoma** zisenziwa nanamhlanje, kanti zikhawuleza ukuvuthwa komhlaba njalo usuku lokubhujiswa luyasondela. **Ukutotosa utshwala obudakayo ngokukhululeka kanye nezenzo ezingasile** kuyimvama emadolobheni nasemakhaya ethu, kanti **usuku olukhulu olokugcina luyeza ngokukhulu ukusheshisa.** {RH May 1, 1894, par. 3}

## Izono Zabantu Zinomthelela Emhlabeni

Lana siyatshelwa ukuthi lezazono zaletha ukubhujiswa kweSodoma neGomora, kanye nasemhlabeni ngezinsuku zaphambi kazamcolo. Siyaqaphela futhi ukuthi kwakuyizono uqobo ezaseSodoma ezaletha umlilo wokubhubhisa, akuyona enye into mhlawumbe edaliweyo eyaletha lokhu. Pho sizothi kwenze kanjani lokhu na?

> U-Isaya 24:4-9 **Umhlaba uyalila, ubune;** izwe liyaphela amandla, linyamalale, abaphakameyo bomhlaba badangale. (5) **<u>Umhlaba</u>**

> **<u>wonakalisiwe phansi kwabakhileyo kuwo,</u> ngokuba beqile imithetho, badlulile ezimisweni, baphulile isivumelwano esiphakade.** (6) **Ngalokho isiqalekiso sidlile umhlaba,** nabakhileyo kuwo bathwaliswa icala; **ngalokho abakhileyo emhlabeni bayashiswa,** kusale abantu abayingcosana nje. (7) **Iwayini elisha liyalila, umvini uyahhuma,** bonke ababethokoza ngenhliziyo bayabubula. (8) Ukujabula kwezigubhu kunqamukile, ukuxokozela kwabajabulayo kuphelile, nenjabulo yehabhu ikhawukile. (9) **Abasayikuphuza iwayini** ngesihlabelelo; **uphuzo** olunamandla luyakubaba kubo abaluphuzayo.

Lapha siyatshelwa ukuba umhlaba wonakele ngenxa yabakhileyo phezu kwawo uma benza izono ezithile, bephuza newayini neziphuzo ezinamandla. UMrs E.G White uchaza lokonakala komhlaba aqede ekhulume ngesigameko seSodoma neGomora.

> Uma sibuka ukubhidlizwa kwe-*Williamsport*, **sike sicabange ngesikhathi lapho umhlaba wawucwila ngenxa kazamcolo. Enqondweni zethu singabona ngokufiphele ukubhidlizwa [komhlaba] ngezinsuku zikaNowa. <u>Siyesacabanga ngokushiswa kweSodoma elikhohlakele, lapho umhlaba wonakele ngenxa yabakhileyo kuwo,</u>** sakhumbula ukuba siphila ngesikhathi esifana naleso eseza ngaphambi kwezahlulelo ezawela umhlaba omdala. **Umoya kaNkulunkulu usuyasuswa ebantwini bomhlaba.** {RH August 13, 1889, par. 8}

INkosi iyasazisa ukuba umhlaba nawo wonakaliswa yikukhohlakala kwezocansi, okwakugcwele eSodoma naseGomora. Ekubhujisweni kwalawo madolobha omabili singabona umphumela wokonakala komhlaba. Sibona indlela efanayo eyesisusa nomphumela ebantwini baseKhenani

> Lev 18:25-29 **Izwe lingcolile:** ngalokho ngahambela ububi balo kulo, **izwe lahlanza abantu balo.** (26) Gcinani izimiso zami nezahlulelo zami, ningenzi nesisodwa salezo zinengiso, noma

owokuzalwa ekhaya noma umfokazi ogogobeleyo phakathi kwenu. (27) Ngokuba zonke lezo zinengiso bazenza abantu balelo zwe ababekhona ngaphambi kwenu, izwe selangcola (28) **ukuze izwe linganihlanzi nani, nxa nilingcolisa, njengalokho lahlanza isizwe esasikhona phambi kwenu.** (29) Ngokuba bonke abenza lezo zinengiso, yebo, abazenzayo bayakunqunywa kubantu bakubo.

**Ngenxa yalokhu okuqondwa njenge nhlakanipho yabantu, imvelo ibekwa lapho ephenduka isitha sokubhubhisa. Izinto ezinhle ezazinikezwe umuntu ukuba zimbusise ziphenduka isiqalekiso. Ngokusetshenziswa kwewayini notshwala abantu baphenduka izigqila zezisu zabo. UNkulunkulu akangeneli lapho enze isimangaliso sokuguqula okubi kube yinto enhle; ngoba ubeke yonke imvelo ngaphansi kwemithetho emi ingunaphakade.** Uthi makungabikho ukuthula komubi. Uthi konke makumelane naye. Bese imvelo iphendule ngokuthi, "akayi kuba nakho ukuthula." Uma umuntu ezenzela yena ukufisa kwakhe, uma enza okuphambene noNkulunkulu kanye nemvelo, **lokho kuzophenduka izikhali eziletha ukufa kwakhe**. {3MR 344.2}

Ngaphansi kwesandla sikaNkulunkulu, imvelo ivele imelane nabeqa umthetho kaNkulunkulu. **Ivele ithwale esifubeni sayo konke okubhubhisayo okwayo kuze kufike isikhathi lapho kuzobhamuka kubhubhise umuntu kuhlanze nomhlaba.** Ngesikhathi uFaro ethuka uNkulunkulu ngezinceku zakhe uMose no-Aroni ethi, "Ngubani uJehova ukuba ngilalele izwi lakhe, angimazi uJehova, futhi angiyi kumvumela u-Israyeli ukuba ahambe." [Exodus 5:2], **imvelo yadabukela uMenziwayo ngozwelo,** yabambisana kanye naye uNkulunkulu ukuphindiselela uJehova othukwayo. Lonke iGibhithe lachithwa phansi ngenxa yokumelana okungalaleli nenkani kaFaro. {Lt 209-1899.23}

UNkulunkulu wezwa ukuzamazama komhlaba oniweyo, lokhu kuchaza kahle indlela ezwe isikhalo esavela eSodoma neGomora namadolobha ayezungezile:

> Gen 18:20-21 UJehova wathi: "**Isikhalo** saseSodoma nesaseGomora **sikhulu, nezono zabo zinzima impela**. (21) Ngalokho ngiyakwehla, ngibone ukuba benzile impela konke **njengokwesikhalo** esesifikile kimi; uma kungenjalo, ngiyakukwazi.

Ukuvevezela komhlaba okwakuqhamuka ezonweni zaseSodoma neGomora zaphenduka isikhalo esikhulu. Ngalokuvevezela komhlaba kulamadolobha uNkulunkulu ukwazile ukuzwa ukuba kwakukhona okwakungahambi kahle, nokuthi labantu basebezozibhubhisa ngokuswela umthetho, njalo benganakile. Ukuvevezela kwalesikhalo kwathinta inhliziyo kaBaba:

> Kungumsebenzi kaSathane ukugcwalisa izinhliziyo zabantu ngokungabaza. **Ubaholela ekutheni bebone uNkulunkulu njengomahlululeli ononya.** Nguyena obalingela ezonweni, **bese ebenze bezibone njengabantu ababi kakhulu kunokuthi beze kuBaba wabo osezulwini, noma ukuthi ebezwele nje.** INkosi ikuqonda kahle konke lokhu. UJesu uqinisekisa abafundi bakhe ngozwelo lukaNkulunkulu maqondana nezidingo zabo kanye nobuthakathaka kwabo. **Akukho mbubulo, nabuhlungu esibuzwayo, nosizi olubhoboza umphefumulo, olungazwakali kodwa lufike luvevezelise inhliziyo kaBaba.** {DA 356.2}

Isikhalo somonakalo nenkohlakalo yaseSodoma neGomora ngiyacabanga saba sikhulu enhliziyweni emnene kaBabawethu, uma ukubulawa kwendoda eyodwa elungile u-Abel kwabangela ukuba umhlaba ukhale kuzwakale ezulwini ngangokuthi eze ethi kuKayine:

> Gen 4:10-12 Khona wathi: "Wenzeni na? **Izwi legazi lomfowenu liyakhala kimi lisemhlabathini** (11) **Usuqalekisiwe emhlabathini** ovulile umlomo wawo ukwamukela igazi lomfowenu esandlenisakho. (12) Uma ulima umhlabathi, **awusayi kukunika isithelo sawo**; wena uyakuba ngumhambuma nozulane emhlabeni."

Ingabe siyakuzwa yini ukuhlupheka kukaBaba neNdodana kulamazwi? Ukuvevezela okwabangela yinkohlakalo yendoda eyodwa kwafika kabuhlungu ezinhliziyweni zabo, usungacabanga ukuthi singakanani isivunguvungu esifika kubo ngenxa yobubi obuqhubekayo emadolobheni anamhlanje? Ngenxa yokuxhumana okusondelene kakhulu komuntu nomhlaba, isiphepho singalethwa ngenxa yokukhathazeka nokubalisa kwezingqondo nemizwa yabantu abambalwa. Abafundi bakaJesu badangala ngoba engavumanga ukuba bemenze inkosi. Nakhu okwavela emva kwesikhashana:

> Imicabango yabo **ibinjengesphepho** ingenzi mqondo, iNkosi yasibanika enye into yokucabanga ngayo neyahlukumeza imiphefumulo yabo. **UNkulunkulu uhlezi ekwenza lokhu uma abantu bezithwesa imithwalo nezinkinga.** Sasingekho isizathu sokuba bafune inkinga. Ingozi vele ibisisondele ngokukhulu ukushesha. **Isivunguvungu sasesisondele bengaqaphele**, futhi babengasilungele. {DA 380}

Imizwa nemicabango yabafundi eyayinje ngamagagasi kwaholela ekutheni imvelo eyayibazungezile kanye neNkosi yabo uqobo ivele kwabonakala kahle ukuthi kuzomele bamethembe nezindlela zakhe. Usungacabanga ukuthi yiziphi izivunguvungu ezazingabangwa ukukhohlakala kwezigidi nezigidi zabantu emadolobheni, lapho uNkulunkulu esho imphumela yemvelo yezono zabo?

> Futhi umyalo wanikezwa ukuba besheshe, **ngoba isiphepho somlilo sasisabanjiwe okwesikhashana**. {PP 161.2}

> **Isiphepho sokwahlulela kukaNkunkulu sasisalindile** ukuze lababaleki abampofu bephunyuke. {PP 160.2}

Lokhu kwakwenzeka ngoba uKrestu, onguLizwi likaNkulunkulu ngoMoya wakhe, wayesabambe imimoya, wayebethelwa ngenxa yezono zabantu kanti kwakungasekho okunye okwakungenziwa ukuvimba lenxushunxushu ababezidalele yona. Ekugcineni uKrestu kwakuzomele avumele imililo yokuhleka usulu kwabo nezifiso zezizindlo zabo ezikhohlakele ukuba kubonakale imimoya yemvelo:

Kwakuyisixuku esiningi, ulusha namakhehla ngokufanayo, **bonke bevutha ngezinkanuko zabo ezimbi**. {PP 159}

Kepha amazwi akhe ayenje **ngamafutha emlilweni**. Ulaka lwabo lwaphenduka **isiphepho esibhongayo.** {PP 159.2}

2 KaPetru 3:3-7 Nazi kuqala lokhu ukuthi ngezinsuku zokugcina kuyakufika **abahleki abahleka usulu**, behamba **ngezinkanuko** zabo, (4) bethi: "Siphi isithembiso sokufika kwakhe na? Ngokuba kuselokhu obaba balala, konke kumi kunjalo njengakwasekuqaleni kokudalwa." (5) Ngokuba bathanda ukukhohlwa lokhu ukuthi kwaphakade izulu lalikhona kanye nomhlaba owavela emanzini nangawo amanzi, **umi ngezwi likaNkulunkulu**, (6) **okwathi ngawo izwe elalikhona labhubha ngokukhukhula kwamanzi;** (7) kepha izulu nomhlaba okukhona manje **kubekelwe umlilo ngalo lona lelizwi**, kulindele usuku lokwahlulela nolokubhubha kwabantu abangamesabi uNkulunkulu.

Imniningwane elandelayo eyezesayensi ephathelene nokuphenya ngendulo ingasinikeza imboni wokuthi umkhondo wendlela lamadolobha abhujiswa yizono zawo, hhayi ukuthi wabhujiswa nguNkulunkulu uqobolwakhe.

IBhayibheli lisinikeza inchazelo egcwele yenhlekelele eyawela phezu kwamadolobha wamathafa. Kulenchazelo kunemisho embili yesiHeberu negama elilodwa okumele kuhlolisiswe ukuze kuqondwe isehlakalo: *gopritwaes*, okuyilokho okwawela phezu kwamadolobha (Gen 19:24), *hapak*, okwenzeka kulamadolobha (Gen 19:25), nokuthi *kqitorhakkibsan*, okuyilokhu okwabonwa ngu-Abrahama (Gen 19:28). Igama elithi *goprit* liyigama elibolekwa, kucatshangelwa ukuthi livela kwelithi Akkadian *kiubritu*, elichaza ukuthi amafutha we-*sulphur* (i-*sulphur* emnyama) (Gentry 1999). Igama elihamba nelithi *goprit,* u-*iwaes*, okuchaza "nomlilo." Ngamanye amazwi, okwawela phezu kweSodoma neGomora namanye amadolobha emathafeni ngaphandle kweZowa kwakuyinto

eyayivutha njenge petrol. Igama elithi *hapak* lichaza ukuphendula, noma ukuchitha. Ngesikhathi u-Abrahama ebuka lapho okwakunenhlekelele, *keqitorhakkibsan*, "isisi sezwe senyuka njengomusi weziko." i*kibsan*iyi-kiln ye-*pottery* (Wood 1992). Nxa umoya udlula kuleyonto ukwenza ngamandla okudala ukuba umoya ushise. Umusi ngenxa yalokho uvela sewuvela ngamandla unyuka uyaphezulu. Yilokho-ke okwabonwa ngu-Abrahama—isisi sedolobha senyuka ngamandla sibheke phezulu. Igama elisetshenzisiwe ukuchaza lentuthu, *qitor*, akusilo igama elijwayelekile ukuchaza umusi womlilo ojwayelekile. Kunalokhu, umusi ominyene, imisi evela eminikelweni. Kuyakhanya ukuthi kukhona okuphambene nemvelo okulotshwe lapha.

*http://www.biblearchaeology.org/post/2008/04/The-Discovery-of-the-Sin-Cities-of-Sodom-and-Gomorrah.aspx*

Lokhu kuchaza isizathu u-Amose noPetro bethe uNkulunkulu uchithe iSodoma neGomora.

u-Amose 4:11 **Nganichitha** njengalokho uNkulunkulu **achitha** iSodoma neGomora; naninje ngesikhuni esophulwe emlilweni, kepha nokho anibuyela ngakimi,"

2 kaPetru 2:6 nemizi yaseSodoma neGomora **wayahlulela wayichitha** ngokuyiphendula umlotha, eyenza ibeyisiboniso kubo abangayi kumesaba uNkulunkulu;

Lokuchithwa kwenzeka ngoba iNdodana kaNkulunkulu ayisakwazanga ukuqhubeka ibubula ngaphansi komthwalo owalahlelwa phezu kwendalo ngabahlali baseSodoma.

Rom 8:22 Ngokuba siyazi ukuthi konke okudaliweyo kuyabubula kanyekanye kunezinseka kuze kube manje.

Okwenzeka eSodoma akwenziwanga ngamandla noma ngesandla samuntu.

Isililo 4:6 Ukona kwendodakazi yabantu bami kukhulu kunesono saseSodoma **elachithwa ngokuphazima kweso, kungasondelanga zandla kulo.**

## Izingelosi Ezimbili Ezathunyelwa Ukuyobhubhisa Umuzi

Umhlaba uqobo wophulwa yitiyela eyaqhuma iphuma kuwo. Pho singaqonda kanjani amazwi ezingelosi kuLoti?

Gen 19:13 **Ngokuba siyakuchitha le ndawo**, lokhu isikhalo sabo sesisikhulu ebusweni bukaJehova; **uJehova usithumile ukuba siyichithe.**

**Izithunywa zambulela uLoti injongo yokuza kwazo:** "Siyakuyichitha le ndawo, lokhu isikhalo sabo sesisikhulu ebusweni bukaJehova; uJehova usithumile ukuba siyichithe." {PP 159.3}

Lapha izingelosi zabashiya, zaphindela emuva eSodoma ukuyoqeda umsebenzi wokubhubhisa. {PP 160.2}

ULoti weza eSodoma enothile; waphuma engasena lutho, **eholwa yisandla sengelosi, lapho izithunywa zolaka zilinde ukuthulula isiphepho somlilo owawuzoqothula bonke abahlali baseSodoma** ususe bonke ubuhle obuthathekisayo baleli dolobha elikhethekileyo namaphethelo alo, zaphendula indawo uNkulunkulu ake ayenza yabanhle kakhulu yayize. {10MR 236.1}

Ngaphambi kokuba sibuke indaba ngokugcwala kwayo maqondana nalezithunywa ezimbili, kuzosisiza ukukhumbula inchazelo elandelayo emoyeni wesiprofetho ekhuluma ngokuthi umphefumulo ubhujiswa kanjani na:

> <u>**Bonke kumele bahlakaniphe ukuqonda ukuba umphefumulo ubhujiswa ngaziphi indlela. Akusiye Nkulunkulu osuka enze okuthile maqondana nomuntu.**</u> Akamenzi umuntu abeyimpumputhe kwezikamoya. UNkulunkulu usinikeza ukukhanya nobufakazi okwanele ukwenzela ukuthi umuntu ekwazi ukukhetha phakathi kweqiniso nenkohliso. Kepha akamphoqi umuntu ukuba emukele iqiniso. Umnikeza ithuba lokuba azikhethele okuhle noma okubi. **Uma umuntu enqaba ufakazi olwanele ukuholela ukukhetha kwakhe okuhle, uma ekhetha kabi kanye, kuzobalula ukukhetha okubi ibanga lwesibili. Ibanga lwesithathu uzophikelela ngokuqhelela kude noNkulunkulu akhethe ukuma ohlangothini lukaSathane. Lokhu uzoqhubeka akwenza aze aqiniswe ebubini agcine ekholwa amanga asewaphendule iqiniso enhliziyweni yakhe. <u>Ukwenqaba kwakhe yikhona okuletha lesivuno</u>.** Ngalesi sibonelo sakhe uholela abanye ukulandela indlela efanayo yokumelana noNkulunkulu. {Ms126-1901.26}

Lomusho uveza ngokusobala ukuthi ukubhujiswa komphefumulo kuhlezi kulethwa ukwenqaba ukukhanya esikuthunyelwayo ngesikhathi esithile. Ukukhanya uNkulunkulu akunika abahlali baseSodoma esebenzisa uLoti kwasithwa ngoba ethe ukwehlisa umgangatho wazijwayeza imphucuko yabantu. Isibonelo, emizameni yakhe yokusindisa izihambeli zakhe, wayelungele ukunikela ngamadodakazi akhe kulamadoda akhohlakele. Mhlawumbe lesi yesinye sezizathu uLoti wayengakwazi ukwethemba iNkosi ngokuphelele:

> Kepha uLoti, edidekile enovalo, wazincengela ukuba angenzi njengalokhu eceliwe funa kubekhona into engawela phezu kwakhe efe. Ngenxa yokuhlala kulelodolobha elikhohlakele, ehlezi phakathi kokungakholwa, ukholo lwakhe lwafiphala. INkosana yezulu ibiseduze naye, nokho wancengela ukuphila kwakhe kwangathi uNkulunkulu, owayemgcinile sonke lesi sikhathi, wayengasoze amgcine noma amnakekele manje. {PP 161.1}

Izingelosi kwakumele ziqede umsebenzi uLoti wayengakwazi ukuwenza, ukuveza ukulunga okuphelele kukaNkulunkulu, ubungcwele kanye nothando lwakhe oludazulula isono. Lobufakazi bebuzosebenza njengomlilo emphefumlweni yabo, kanti uma bebengaphenduka nxabebona lesambulo senkazimulo kaNkulunkulu, ukwahlulelwa kwalamadolobha kwakuzosulwa kungabi kusenziwa.

> Lezingelosi zabukeka ngathi zala isimemo sokungena kwakhe, zathi "Qha, siyakuhlala phandle." **Injongo yazo ngalempendulo ibihlukene kabili** — ukuhlola isiqiniseko sokunxusa kukaLoti, nokuthi zizwakale sengathi azazilutho ngesimo samadoda aseSodoma, kwangathi zazicabanga ukuba ziphephile ngokulala phandle ebusuku. **<u>Impendulo yazo yenza ukuba uLoti eqiniseke nangaphezulu ukuba engabashiyi ezandleni nasemseni waloluquqaba lwabantukazana.</u>**Waqhubeka ebanxusa baze bavuma, bahamba naye emzini wakhe. {PP 158.3}
>
> Ngovivi izihambi ezimbili zasondela ngasesangweni lwedolobha. Kwakubukeka njengezihambi ezazisemangweni ezangena emzini ukuzothola indawo yokuphumuza imizimba lobobusuku. Akubanga noyedwa owaqaphela izimemezeli zokwahlulela kwezulu kulezihambi ezithobekile. Kanti isixuku esinganakile sezinkonkoni akusivelelanga ukuba **<u>endleleni esasizophatha lezi zithunywa ngalobubusuku amacala azo ayezofika ekugcineni okwakuzoletha ukubhubha unomphela komuzi ophakemeyo.</u>** Nokho kwabakhona indoda eyodwa eyazinakayo lezihambi, yazinxusa emzini wayo. ULoti wayengena lwazi lweziqu zazo lezihambi, kodwa ukungenisa izihambi nentobeko kwakuyinjwayelo kuye; kwakuyinxenye yenkolo yakhe — imfundiso ayeyifunde esibonelweni esingu-Abrahama. Uma wayengazijwayezanga umoya wokwamukela izihambi kahle, kungenzeka ukuba naye wayezobhubha neSodoma lonke. **<u>Imindeni eminingi, ngokuvala izicapha zazo ezihambini, sezivalele ngaphandle izithunywa</u>**

**zikaNkulunkulu, ezazizoletha isibusiso ithemba kanye nokuthula.** {PP 158.1}

“Amadoda ayephandle kwendlu awashaya ngobumpumputhe, amancane namakhulu, aze akhathala efunanana nomnyango.” **Uma babengashaywanga ngobumpumputhe kabili, izinhliziyo zize zenziwe lukhuni, umunwe kaNkulunkulu ubuzobenza besabe, bephenduke emisebenzini yabo yobubi**. {PP 159.2}

Sizoqaphela ukuba ngenxa yokungena kwezithunywa emzini waseSodoma zinesiqu samadoda, amadoda aseSodoma aveza ukukhohlakala kwezinhliziyo zawo ezimbi ngokufisa ukulala nazo. Ubumpumputhe obawela phezu kwalabantu kwakuyisixwayiso sokuba bephenduke beshiyane nemikhuba yabo. Ukwenqaba ukuphenduka kwabo kwabaholela ekutheni inkomishi yabo igcwale kanti yilokhu okwabangela ukuchithwa kwalomuzi. Akukho sandla esabekwa phezu kwalomuzi; ukungcola kwawo kwabangela inchithakalo yawo.

Ngesikhathi abantwana bakaNkulunkulu betshengisa umusa, ububele kanye nothando ebantwini bonke kakhulukazi ebantwini bendlu yokukholwa, basuka sebefakazela iqiniso elithi “umthetho kaJehova uphelele, uvusa umphefumulo.” Kungenxa yokuthi umthetho kaNkulunkulu ukhahlelelwa phansi, futhi uyephulwa, wenziwa into engelutho ukuba **umhlaba ufane neSodoma kanje, nomhlaba engekafiki uzamcholo. Phakathi komhlaba ohlubukile nophambene kwamele kubekhona labo abamele ukwethembeka emthethweni kaNkulunkulu**. Kunozungu oluzohlanganiswa kulabo abophula umthetho kaNkulunkulu, nabafundisa abanye ukuba beqe lowomthetho. Bazomisa imithetho ezomelana nabantu bakaNkulunkulu abagcina umyalo. **“Ukukhanya kuka-Israyeli kuyakuba ngumlilo, oNgcwele wakhe abeyilangabi; kuyakushisa kuqede ameva akhe namakhakhasi akhe ngalusuku lunye. Iyakuqeda udumo lwehlathi lakhe nensimu yakhe, umzimba kanye nomphefumulo,** kube njengesikhulu esiphelelwe amandla. {RH August 20, 1895, par. 1}

Lapha uMrs White uphawula kumprofethi u-Isaya isahluko se-10, lapho okuvezwa khona ukuba ukukhanya kuka-Israyeli noNgcwele wakhe, okusobala ukuthi nguNkulunkulu, kuphenduka umlilo oqothulayo kulabo abazonda isimilo sabo esingcwele nesi nothando. Lomlilo wothando lukaYise ushisa kokubili umphefumulo kanye nomzimba, okusho ukuthi kuyisambulo sesimilo sakhe sothando okubangela izinhlungu emphefumlweni walabo abakhetha ukubambelela ezonweni zabo kube phakade.

> Lokhu akwenzeki ngoba uNkulunkulu efise ukutshengisa amandle akhe. Abaphika umusa wakhe bavuna lokho abakutshalile. UNkulunku ungumthombo wokuphila, kanti uma umuntu ekhetha ukusebenzela isono, usuke ezihlukanisa noNkulunkulu, kanjalo-ke ezihlukanisa nokuphila. "Usuka eseqhelelene nokuphila kukaNkulunkulu." UKrestu uthi "Bonke abangizondayo bathanda ukufa." Efesu 4:18; Izaga 8:36. UNkulunkulu ubanikeza ukuba khona okwesikhashana ukwenzela ukuba bangadlondlobalisa izimilo zabo nokuthi beveze izimiso zabo. Uma lokhu sekufeziwe, bamukeliswa umphumela wokukhetha kwabo. **Ngempilo ephambene nephikisana noNkulunkulu, uSathane nabo bonke abazibandakanya kanye naye baziqhelanisa noNkulunkulu ngangokuthi ubukhona bakhe nokusondela kwakhe kubo kuphenduka umlilo oqothulayo. Inkazimulo yalowo oluthando izobabhubhisa.** {DA 764.1}

Izingelosi za zazi ukuba ukunxusa kwazo komusa ezazibiza abahlali baseSodoma neGomora kwakuzoguqula [Strong's H2015] kubenze lukhuni ngokuphelele kanjalo-ke kube ukubhubha kwabo, nokho ngalesikhathi esibucayi esokugcina kwakumele zibanike ithuba lokuphenduka ngaphambi kokuba bangagcini beqa umncele lapho ababengalahlekelwa yikhono lokwenza lokho. INkosi yayilokhu ibalindile ngenhliziyo edabukileyo kwaze kwashabalala wonke amathemba namathuba wokuphenduka:

> 2 Petru 3:9 INkosi ayilibali ngesithembiso sayo, njengalokhu abanye bathi kungukulibala, kepha iyanibekezelela, ingathandi ukuba **kubhubhe namunye, kodwa ukuba bonke beze ekuphendukeni.**

Lokhu kusho ukuthi ngesikhathi iSodoma neGomora isezobhujiswa, wayengekho namunye owayeza noma esomdela enguqukeni. Lesimo uMrs White usibiza "isicabha esivaliwe" kanti njengoba sizobona, usho njalo ekhuluma ngabaphila ngaphambi kukazamcolo nabaphila ngezinsuku zeSodoma neGomora. Uma ekhuluma ngezinsuku zikaNowa uthi:

> Bagcwala ngokuzisola, kodwa lutho ukuphenduka, bagcwala ngenzondo abanye lusizi, uma bekhumbula izintshumayelo zikaNowa ngendlela egqamileyo ezingqondweni zabo. {Ms17-1885.9}

Indimana engaphezulu isivezela ukuthi yizakhamizi zaseSodoma ezazibonela iphunga lokufa, nanoma izingelosi zona zaletha iphunga elimnandi:

> 2 KwabaseKor 2:14-16 Kodwa makabongwe uNkulunkulu osihola njalo odwendweni lokunqoba kuKristu nobonakalisa ngathi **iphunga lokwazi kwakhe** ezindaweni zonke. **Ngokuba siyiphunga elimnandi likaKristu** kuNkulunkulu **kubo abasindiswayo nakubo abalahlwayo, kulaba siyiphunga lokufa kubengukufa, kodwa kulabo siyiphunga lokuphila kube ngukuphila.** Ngubani ongangalokho na?

## Isicabha Esivaliwe

Lena yindlela umusa owavalwa kubo, ngoba bona uqobo bezivalele umyango womusa kaNkulunkulu ngokwenqaba kwabo ukuphenduka:

> Ubusuku obungaphambi kosuku lokubhujiswa kwabo amadolobha asemathafeni ayeduma ngobumnandi. ULoti bamklolodela ngokunxusa nokuxwayisa kwakhe. Kodwa kwakuyilaba abahleka usulu ababhubha emlilweni. Ngabo lobuya busuku **isicabha somusa**

**savalwa unomphela sivalela phandle** abahlali abanganakile baseSodoma. {5T 233.3}

Kanti vele kungani umnyango womusa wavalwa? Ngoba abahlali baseSodoma babengena musa komunye umuntu, bese njengalokhu bahlulela abanye kanjalo-ke bazahlulela ngokwabo ukuthi abafanele ukwamukeliswa umusa.

> KwabaseRom 1:31-32 Nabangena ngqondo, nabangathembekile, nabanganaluthando, **nabangenasihawu** (32) abathi besazi isimiso sokulunga sikaNkulunkulu sokuthi abenza okunjalo bafanele ukufa, abenzi lokho kuphela, kodwa babuye bavumelane nabakwenzayo.

> EkaJakobe 2:13 Ngokuba ukwahlulelwa okungenasihawu kuyakumehlela ongenzi isihawu; isihawu sizigabisa ekwahlulelweni.

> Ubusuku bokugcina abubanga nezono ezinkulu kunalezo ezabakhona ngaphambilini; **kepha umusa, owawucekelwe phansi isikhathi eside kangaka, wagcina usuyeka ukunxusa kwawo** [abasakwazi nokuwubona, yilokhokho-ke okukhonjwa ubumpumputhe babo]. Abahlali baseSodoma basebedlule ukubekezela kukaNkulunkulu — "umncele ofihlakele phakathi kokubekezela kukaNkulunkulu nolaka lwakhe [lapho umuntu enza inhliziyo yakhe lukhuni]." Umlilo wokuziphindisela kwakhe wawusuzovutha emathafeni aseSodoma. {PP 159.2}

Akusiye uNkulunkulu ovala umnyango; ngoba uyalinda umuntu wokugcina ongakwazi ukuphenduka enzelukhuni unomphela inhliziyo yakhe. Umuntu, ngenxa yokwenqaba ukuncenga nokunxusa kukaNkulunkulu nguyena ovala isicabha somusa. Amava esicabha esivaliwe siwabona ngesikhathi sabasunguluti bebandla labaLindi, lapho abanqaba umyalezo womusa (Isigijimi sengilozi ezintathu esasishunyayelwa ngabalindi) bazibekalapho bengasa zuzi emuseni kaNkulunkulu owawuvela endaweni engcwelengcwele. Nokho lawamava asazophinda ekupheleni kwezinsuku.

> Kwakukhona **isicabha esivaliwe** ngezinsuku zikaNowa. **Kwakukhona isicabha esivaliwe kulabo ababengakholwa ngezinsuku zokuchithwa kweSodoma,** kepha uLoti wafumana **isicabha esivuliwe.** Kwakukhona isicabha esivaliwe ngezinsuku zeTiro, isicabha esivaliwe kubahlali baseJerusalema **kulabo ababengakholwa**, kodwa **isicabha sasivulelwe abathobekileyo, abakholwayo, labo ababemlalela uNkulunkulu. Kuyakubanjalo ekupheleni kwesikhathi. Labo ababelindele bangena naye emshadweni, umnyango wavalwa.** {Ms17-1885.10}

Kuyasibonisa ukuba kumele sikuqonde kanjani ukubekwa kwezingcwadi ezulwini ngesikhathi sokwahlulela kokugcina – ngokukhetha kwabo maqondana nomyalezo othunyelwa uvela ezulwini, kanjalo basuka bezikhethela isiphetho sabo; akusiye uNkulunkulu okwenzayo lokhu. Encwadini efanayo umoya wesiprofetho uveza kahle kamhlophe ukuthi yini eyavala isicabha kulabo ababephila engekafiki uzamcholo nakulabo ababephila eSodoma neGomora:

> Ukubekezela okukhulu kukaNkulunkulu kwaphela, ukukuncenga **kwafika ekugcineni ezincwadini zikaNkulunkulu,** inkomishi yabenzokubi yase igcwele. Umusa wema ukunxusa, ubulungiswa bathatha inkemba yokuziphindisela. Isicabha savalwa, kwaphela ithemba; **ukuxwayiswa kokugcina kunqatshiwe, ithuba elihle lokuphenduka lidlulile, lidlule ingunaphakade**... {Ms17-1885.8}

Yibona abangakwazanga ukuzwa izwi lomusa ngoba uNkulunkulu wayengenakho okunye ukukhanya okungaphezu kwalokhu ayengabasiza ngakho. Lendlela okwenzeka ngayo izinto eSodoma ibekiwe njengesibonelo sendlela izahlulelo ezizokwenzeka ngayo ngemva kweminyaka eyinkulungwane.

> EkaJude 1:7 njengokuba iSodoma neGomora nemizi yangakhona yenza ubufebe ngendlela efanayo, yalandela inyama embi **imisiwe ibeyisiboniso, izwa isijeziso somlilo omiyonjalo.**

> Ukuchithwa kweSodoma neGomora kungumfanekiso wendlela lomhlaba ozochithwa ngomlilo ngayo. {CTr 80.2}

## Ukuchithwa Kokugcina Kwababi

Ngoba ukubhujiswa kweSodoma neGomora kuyisibonelo sendlela umhlaba ozobhujiswa ngomlilo, khona singaba nolwazi ngaphandle kokungabaza ukuthi umlilo ozokwehla uvela ezulwini ngemva kweminyaka eyinkulungwane uzokuza njengomphumela walokho umhlaba uzoba ukukhiphile ngokwawo kanye nesibhakabhaka njengokusho ekaPetru yesibili 3:7 – umkhokha wenkohlakalo yezinkulungwane nezinkulungwane zabenza okubi abangafuni ukuphenduka nanoma umnyango usavulelwe bona nguNkulunkulu. Amasango eJerusamela elisha azohlezi evuliwe njalo kuze kufike lapho lesixuku esikhulu sigijimela lomuzi.

> Ekugcineni izwi elokuthi behlasele liyanikezwa, izigidigidi zabantu abangena kubalwa ziyaphambili — ibutho elingazange labizwa ngamaqhawe omhlaba ngaphambilini, elinjengehlanganiso yamabutho ezikhathi zonke kusukela kwaba nempi kulomhlaba. USathane, iqhawe elahlula wonke amanye, nguyena umholi walenqola, izingelosi zakhezihlanganisa amandla azo kulomzukuzuku wokugcina. Amakhosi namaqhawe nawo akhona kulenqola, nesixuku silandela ngemuva, esinyenesinye singaphansi komholi waso. Ngobuchiko obukhulu basempini lesixuku siyaphambili sihamba phezu komhlaba osuwonakele nongalingani siza emzini kaNkulunkulu. **Ngezwi likaJesu, amasango eJerusalema elisha ayavaleka,** amabutho kaSathane azungeza umuzi elungela ukuhlasela. {GC 664.3}

Lamasango avuliwe atshengisa ukuthi inhliziyo kaBaba ihlezi njalo ivulelwe abantana bakhe nokuthi yibo abazivalela ngaphandle ngokungaphenduki kwabo. Izwi elikaKrestu elithi amasango avaliwe kusuka kuyisibuko esiveza isinqumo sabo sokunqaba umusa.

Ngesikhathi ababi bezungeza umuzi, uKrestu uyakhazimuliswa nokukhanya okuvela kuye kwehlela phezu komuziong cwelenomhlaba wonke.

> Manje uKrestu uyaphinda uziveza phambi kwezitha zakhe. Phezu komuzi, phezu kwesisekelo seGolide elicwengiweyo kunesihlalo esiphezulu nesiphakemeyo. Kulesi sihlalo kuhlezi iNdodana kaNkulunkulu, izungezwe yizakhamuzi zombuso. Akukho nkulumo engachaza inkazimulo namandla kaKrestu, akukho ngisho napeni elingakuchaza kuzwakale. Inkazimulo kaBaba wasephakadeni izungeze iNdodana. **Ukukhanya kobukhona bakhe kugcwala umuzi kaNkulunkulu, kugeleze nangaphandle kwamasango, kuminza umhlaba wonke ngobuhle bawo.** {GC 665.1}

Inkazimulo efanayo egeleza igcwale umuzi ichithekela abenzibokubi ngaphandle komuzi. Isiphambano abasidela basizonda sambulwa enkazimulweni yaso yonke.

> **Phezu kwesihlalo kuvezwe isiphambano;** kanti njenga kumabonakude kuvela isigameko sokulingwa nokuwa kuka- Adama, nazo zonke ezinye izinyathelo ezalandela kucebo elikhulu losindiso. Ukuzalwa komsindisi okumpofu; impilo yakhe esakhula elalela ethobekile; ukubhaphathizwa kwakhe e*Jordani*, ukuzila ukudla kwakhe kanye nokulingwa kwakhe ehlane; umsebenzi wakhe phambi kwabantu, embulela abantu izibusiso eziligugu kunazo zonke zezulu; izinsuku ezazigcwele ngezenzo zothando nomusa, ubusuku ayebuchitha ngemithandazo nokubheka eyedwa ezintabeni; amasu namacebo omona, wenzondo nonya ababekhokhela imisebenzi yakhe yesihle ngawo; inhlungu eyimfihlakalo yakhe yase*Getsemane* engaphansi komthwalo osindayo wesono somhlaba; ukukhashelwa kwakhe ezandleni zababi ababefuna ukumbulalala; izigameko ezisabekayo ezenzeka ngobunye ubusuku obusabekayo — isiboshwa esasinganqabi ukuboshwa, siphikwa ngomunye wabafundi abemthanda kangaka, edudula ngokushesha ezitaladeni zase*Jerusalema*; iNdodana kaNkulunkulu eyayimiswe ngokusasa

> phambi kuka-*Anasi*, phambi kwesigodlo sompristi omkhulu, kwenkantolo ka*Pilato*, phambi kuka*Herodi* oyigwala nononya, ehlekwa usulu, edelelwa, ehlukunyezwa, ekhashelwa ekufeni — konke kuveziwe ngokugqamileyo. {GC 666.3}

Bobabili abalungileyo nababi bayasunduzwa noma beguqulwe yilendaba yesiphambano sika*Krestu*.

> Lombukiso owawuthathekisa kangaka uvelengendlela owawungakhona vele. USathane, izingelosi zakhe kanye nezisebenzi zakhe azinamandla manje wokwenqabela ukuba abantu bengaboni isithombe somsebenzi wakhe. Wonke umlingiswa ngaleso sikhathi uzokhumbula kahle-hle indima ayidlalayo. U*Herodi* owabulala izingane ezingena cala ezase*Bethlehema* efisa ukubulala inkosi yakwa-*Israyeli*; u*Herodiya* ononya, ozandla zakhe zigcwele igazi lika*Johane* umbhabhadisi; u*Pilato* ongena mqolo owadlala ngesikhathi; amasosha ayehleka usulu; abapristi nabaphathi nesixuku esasibanga umsindo sikhala sithi, "igazi lakhe malibe phezu kwethu, naphezu kwabantwana bethu!" —bonke babhekana nobukhulu becala labo. Bazama ngaphandle kwempumelelo ukuzifihla ebukhoneni benkazimulo yakhe, inkazimulo edlula eyelanga, lapho abahlengiweyo belahla phansi imiqhele ezinyaweni zoMsindisi, bethi: "wafa ngenxa yami!" {GC 667.2}

Njengalokhu ababi bephika inkolo ethi uNkulunkulu unomusa, bazimisa ohlangothini luka*Sathane* nobulungiswa bakhe obuthi sonke isono kwamele sijeziswe (ngokufa), ukuzahlulela kwabo kuvezwa esibukweni somthetho kaNkulunkulu.

> Ekuqaleni kwempikiswano enkulu, u*Sathane* wayethe umthetho kaNkulunkulu ungegcinwe muntu, nokuthi ubulungiswa abuhlangenendawo nomusa, nokuthi uma kungenzeka ukuba umthetho wophulwe, akunakwenzeka ukuba isoni sixolelwe. Sonke isono kumele sihlangane nesijeziso saso, kusho yena u*Sathane*;

> nokuthi uma uNkulunkulu engeke ekhiphe isijeziso sesono, wayengeke abe nguNkulunkulu weqiniso nobulungisa. Ngesikhathi abantu beqa umthetho kaNkulunkulu, bemelana nentando yakhe, u*Sathane* wajabula. Kwaba wufakazi, ngokusho kwakhe, ukuthi vele umthetho ungegcinwe muntu. Umuntu wayengena kuxolelwa. Ngobaphela naye, emva kokuhlubuka kwakhe waxoshwa ezulwini, uSathane wathi kanjalo nabantu kuzomele bavalelwe unomphela ngaphandle komusa kaNkulunkulu. UNkulunkulu wayengakwazi ukuba ngcwele enzele isoni umusa ngesikhathi esifanayo, kusho yena uSathane. {DA 761.4}

> Umhlaba wonke okhohlakele umelene noNkulunkulu, uthwesa uNkulunkulu icala lokuvukela umbuso wezulu. Abana mmeli okhulumela injongo yabo; abanazaba; kanjalo isijeziso sokubhujiswa sikhulunywe maqondana nabo. {GC 668.2}

Isigwebo esinikezwa nguNkulunkulu siyikuphindisela kwemicabango yabo kuphela.

> Kumele kucace kubobonke ukuthi inkokhelo yesono akusiyo inkululeko njengalokhu kushiwo, nempilo engapheliyo. Inkokhelo yesono ubugqila, incithakalo kanye nokufa. **Ababi bayabona lokho abalahlekelwe yikho ngempilo yabo yokungalaleli.** Inkazimulo engaphezulu nephakade yadelelwa ngesikhathi beyinikezwa, kodwa manje iyafiswa kangakanani na? “Konke lokhu,” kukhala umphefumulo, “ngangingabanakho, kodwa ngakhetha ukuzihlukanisa ngalezi zinto. O isimanga esingaka! Esikhundleni sokuthula, intokozo kanye nenhlonipho ngazikhethela ukonakala, ihlazo nokusweleka kwethemba.” Bonke bayabona ukuba ukuvaleleka kwabo ngaphandle kwezulu kulungile noma kufanele. **Ngezimpilo zabo bashilo ukuthi: “Asithandi ukuba lo abuse phezu kwethu**.” {GC 668.3}

Njengamadoda ama phambi kukaKrestu ngesikhathi ebhala phansi ngomunwe, ababi belahlwa yizinhliziyo zabo.

> Johane 8:9 Bathi ukuzwa lokho, belahlwa yizinhliziyo zabo baphuma ngabanye, beqalela kwabadala kwaze kwaba ngabokugcina,

> Johane 5:22 Ngokuba noYise kahluleli muntu; ukunike iNdodana konke ukwahlulela.

> Johane 8:15 Nina nahlulela ngokwenyama, kepha mina angahluleli muntu.

Njengalokho ababi bephika uMsindisi, sekumele manje bazizwele ukubethelwa kwabo, bepintshwe ukuzinyeza kwabo.

> Labo abenqaba umusa esiwunikwe ngesihle, bazokwaziswa inani lalokho abakudelelayo bakuphika. **Bazokuzwa ubuhlungu obazwiwa nguJesu esesiphambanweni ukuze ethenge ukuhlawulelwa kwabo bonke ababezokwamukela.** Ngaleso sikhathi kuzosa kubo babe nolwazi lokuthi balahlekelwe yini—impilo engunaphakade nefa elingaboliyo. {RH Sept. 4, 1883}

Ngakho siyabona ukuthin njengalokhu uKrestu wabethelwa eJerusalema, kanjalo nabahlali baseSodoma neGomora bafela ekuzinyezeni kwabo, kanjalo uKrestu wahlupheka kanyenabo, njengokusho kwengcwandi yeSambulo 11:8. Njengoba iSodoma liyisibonelo somlilo ophakade, ngeshwa uKrestu uzozwa izinhlungu zesiphambano nalapho sekusifa nababi. NjengoDavide ekhalela umntwanakhe ohlubukileyo u-Abhisolomu nanoba yena enqobile, kanjalo neNdodana kaDavide isazokhala ikhalela abalahlekile. Lolu luzoba lusuku lokudangala okukhulu, kanti uma seluphelile uNkulunkulu uzozesula zonke izinyembezi zokulilelana ngoba konke okudala kuzoba sekuphelile.

Uma kungababi bona bazogcwala ngolaka, befise ukudlulisela icala lenhlekelele yabo phezu kukaSathane.

Kungasenani ukuthi uSathane kwakumele evume ubulungiswa bukaNkulunkulu, ethobeke ngaphansi kukaKrestu, isimilo sakhe sohlala sinjalo singaguquki. Umoya wokuvukela njengesivunguvungu esikhulu, wavuka futhi. Ngokuvukwa yintukutelo, uSathane wahlosa ukuqhubekela phambili ngempikiswano enkulu. Isikhathi somzabalazo wokugcina sesifikile lapho nethemba seliphela empini yakhe neNkosi yezulu. Ngokushesha okukhulu ugijima angene phakathi kwezisebenzi zakhe, ezama ukubakhuthaza ngolaka lwakhe, ebakhuthazele empini ngokushesha. Kodwa kwizigidi ezingena kubalwa azihehele ohlangothini lwakhe, akekho namunye manje ovuma ukuzithoba ngaphansi kwamandla kaSathane. Amandla akhe asephelile manje. Ababi bagcwele ngenzondo ekaNkulunkulu efana nekaSathane; kodwa bayabona ukuthi indaba yabo ayithembisi, nokuthi abanakumnqoba uJehova. **Ulaka lwabo lwavuthela uSathane nezisebenzi zakhe emsebenzini wokudukisa. Ngolaka lwamadimoni bajikela zona (lezisebenzi zikaSathane), kwabakhona ingxabano umhlaba wonke.** {4SP 487.1}

Lawa angamava okugcina wokuvalwa kwesango emhlabeni, kanti lesikhalo nokunyakaziswa kwaso kuzobonakaliswa emhlabeni. Ngubanina ongaqagela isibalo sobubi bakhe obukhulu emhlabeni nasezulwini phezulu? Kuwulaka lwababi oluqala umlilo lulethe ingxabano ezweni lonke.

ISambulo 20:9 Zase zikhuphukela ngaphezu kobubanzi bomhlaba, zakaka ikamu labangcwele nomuzi othandiweyo; kwehla umlilo uvela ezulwini, wazidla waziqeda; ESV

**Umlilo wehla uvela kuNkulunkulu ezulwini. Umhlaba wadabuka. Izikhali ezifihlwe ekujuleni kwawo umhlaba zakhishwa. Umlilo odlayo waqhuma uvela kuyo yonke inkelenkele ezamulayo. Amadwala uqobo lwawo ayavutha. Usuku selufikile oluvutha njengeziko. Izithako zemvelo**

**zancibilika ngomlilo ovuthayo, nomhlaba uqobo lwawo,** nemisebenzi yawo yasha. Malaki 4:1; 2 KaPetru 3:10. {GC 672.2}

Umlilo obhamuka uvela kwigebe elazimulayo ingukubuyiselwa kokuvevezela kolaka nentukuthelo evutha ezinhliziyweni zabalahlekileyo.

Heze 28:18 Ngobuningi bobubi bakho ekuthengeni kwakho okungalungile ungcolisile izindlu zakho ezingcwele; ***ngakho*** **ngizophumisa umlilo phakathi kwakho,** wokuqeda; ngiyokwenza umlotha emhlabeni emehlweni abo bonke abakubonayo.

Khona kuzocaca kuwo wonke umuntu, ngisho nakuye uSathane uqobo nabo bonke abenzibokubi, ukuthi izahlulelo zikaNkulunkulu zilungile zinhle futhi ngoba bazokwazi ngaphandle kokungabaza ukuthi uMbusi womhlaba uvumela ukuba izithelo nomphumela wokukhetha kwabo, akadinge ukuba eze egijimisane nabo ebashayele phansi ngokwakhe.

> **Sifunda ngamaketango obumnyama abopha abeqa umthetho kaNkulunkulu. Sifunda ngempethu engayikubhubha, nangomlilo ongayikuchinywa. Ngalamazwi kuchazwa amava awowonke umuntu** ozivumele ukuba enziwe ihlumela lesiqu esinguSathane, wajabulela ukuthela izithelo zesono. **<u>Isikhathi sesingasekho uzoqaphela ukuba isono siwukweqa umthetho kaNkulunkulu. Uzoqaphela futhi ukuba ngenxa yesono, umphefumulo wakhe uhlukaniswe noNkulunkulu unomphela</u>**, nokuthi ulaka lukaNkulunkulu luhlezi kuye. [Ukusitheka kobuso bukaNkulunkulu njengokubona kwesoni] **<u>Lona yiwona umlilo ongenakuchishwa, kanti ngawo lomlilo sonke isoni esingaphendukile sizobhujiswa.</u>** USathane uhlezi njalo ekhuthaza abantu ukuba bone, kanti wonke ozovuma ukuholelwa esonweni, onqaba ukwehlukana nezono zakhe, ozonda umusa nokuxolelwa kwezono, **uzovuna ehlushwe njengomphumela wendlela azikhethele yona.** {ST April 14, 1898, par. 13}

> Ingcebo, amandla nokuhlakani, ulimi olushelelayo, ukuzidla, imizindlo engalungile kanye nemizwa engalawulwe kubalwa njengezisebenzi zikaSathane azisebenzisa ukwenza umsebenzi nokwenza indlela ebanzi ithandeke, eyigcwalisa ngezimbhali ezihehayo. Kodwa lonke ilizwi abalikhuluma eliphambene nomhlengi wezwe **lizakubuyiselwa kubo, kanti ngalolosuku liyakushisa lingena konembezeni nasemphefumulweni lwabo ozisolayo njengensimbi incibilika.** Bayakuthuka ngovalo namahloni njengoba bebona ophakanyisiwe esiza ngamafu ezulu ngamandla nangodumo olukhulu. **Ngaleso sikhathi umphikisi onesibindi, oyewazimisa waphikisana neNdodana kaNkulunkulu, uyakuzibona esimeni sakhe esimnyama nesiphelele. Ukuvezwa kwenkazimulo yeNdodana kaNkulunkulu engena kuchazwa kuyakugedlisa amazinyo kulabo izimilo zabo ezingcoliswe yisono. Ukukhanya okuhlanzekile nenkazimulo evela kuKrestu izovusa ukuzisola, amahloni nokwesaba okukhulu**." {*Confrontation* 87.1}

Kanjalo-ke kuzophela iMpikiswano eNkulu, isono kanye nezoni azisayikubakhona. Kodwa siyabona ukuthi kukho konke lokhu uNkulunkulu kanye neNdodana yakhe abenzanga ndluzula.

## Ingqikithi Yendaba YokuBhujiswa kweSodoma

Uma siphindela endatsheni yaseSodoma neGomora, siyabona ukuthi izithunywa ezathunyelwa ukuyochitha umuzi zakwenza lokho ngokuveza isimilo sikaNkulunkulu sothando, ngokunxusa amadoda aseSodoma ukuba aphenduke ebubini bawo. NjengoFaro owayenzalukhuni inhliziyo yakhe ekunxuseni kukaNkulunkulu ngoMose no-Aroni lapho becela ukuba akhulule u-Israyeli ukuba ahambe, abantu baseSodoma benqaba umyalezo womusa wokugcina, kanjalo isango lavalwa yilawa madolobha. Lena yindlela "uNkulunkulu angenela ngayo":

> **Ekubhujisweni kweSodoma neGomora, siyabona ukuba uNkulunkulu uzongenela;** umlilo wehla uvela ezulwini wabhubhisa lamadolobha akhohlakele. Kusukela kwesinye isikhathi kuya kwesinye uNkulunkulu ubonakalisile indlela asebenza ngayo. **Ukuqaphele konke okuqhubekayo emhlabeni. Kanti uma inhlekelele seyifikile,** usezambulile, **futhi uzimisele ukungenela ukumelana namacebo kaSathane. Esikhathini esiningi uvumele** izizwe**,** imindeni kanye nabantu ngabanye ukuba befike enhlekeleleni, ukuze ukungenela kwakhe nokufaka isandla kwakhe kubonakale... {TSA 52, 53}

UNkulunkulu uzozibandakanya ukuzama ukusindisa nokusiphendula ekuzibhubhiseni kwethu ngenxa yemicabango kanye nemisebenzi yethu. "Akangeneli" ngokusibulala, ngoba akadinge ukuba aze akwenze lokho – imvelo yethu ekhohlakele isiholela ekubhujisweni vele, ayidingi uNkulunkulu ukuba engenele noma aphatheke ndawo. Nokho ngenxa yemvelo yethu ewile sithi uma sifunda izichaphuno ezinje ngalesi esiphezulu sizwe sengathi uNkulunkulu ungenela ngokuthumela umlilo, nanoma zisho sobala ukuthi uyazibandakanya noma engenelele "engasamnqabeli uSathane ukuba enze amacebo akhe." Ungenela ukusisindisa, kanti uma siya sisondela ekubhujisweni kwethu yilapho angenela ngamandla kakhulu ukuze asisindise. Kodwa uNkulunkulu uzohlonipha isinqumo sethu maqondana nesiphetho esizikhethela sona ngemiphefumulo yethu, nanoma sihlephula inhliziyo yakhe, sihlukumeza iNdodana yakhe, nanoma sibangela ukuba indalo yakhe "ibubule kanyekanye inezinseka." AmaRom 8:22.

Ukuphikelela kwesinqumo samadoda walamadolobha akhohlakeleyo kwabangela ukuba isikhalo sifinyelele ezulwini sivela eSodoma, isikhalo esavevezelela emoyeni owemboze umhlaba, kwaze kwathi lesikhalo esiqalekisiwe sashisa amadolobha ngangokuthi kwasala amadoda ambalwa, sisho yena uLoti namadoda-kazi akhe.

Umphostoli uPhawule uveza ukulandelana kwalezizinto:

> AmaRom 1:26-32 Ngenxa yalokho **uNkulunkulu wabanikela** ekuhuhekeni okuyihlazo; ngokuba abesifazane babo baguqula ukwenza okwemvelo kwaba ngokuphambene nemvelo: (27) ngokunjalo nabesilisa bayeka ukwenza kwemvelo kowesifazane, basha **ngokukhanukelana**, abesilisa benza okuyichilo kwabesilisa, bezitholela umvuzo ofanele ukuduka kwabo. (28) Njengalokho bengakunakanga ukumazi uNkulunkulu, **uNkulunkulu wabanikela** engqondweni yokunganaki ukwenza okungafanele; (29) Begcwele konke ukungalungi, nokonakala, nesangabe, nobubi; begcwele umhawu, nokubulala, nokuphikisana, nenkohliso, nobuqili, nokuhleba; (30) beyizinyevuzi, nabazonda uNkulunkulu, nezidlova, nabazidlayo, nabazigabisayo, nabaqambi bokubi, nabangalaleli abazali, (31) nabangenagqondo, **nabangathembekile**, nabangenaluthando, **nabangenasihawu** (32) abathi besazi isimiso sokulunga sikaNkulunkulu sokuthi abenza okunjalo bafanele ukufa, abenzi lokho kuphela, kodwa babuye bavumelana nabakwenzayo.

Kunokuxhumana phakathi kwencwadi yabaseRoma 1:26-32 kanye neka-Isaya 24:5-6.

> Isa 24:5-6 Umhlaba wonakalisiwe phansi kwababakhileyo kuwo, ngokuba beqile imithetho, badlulile ezimisweni, baphulile isivumelwano esiphakade. (6) Ngalokho isiqalekiso sidlile umhlaba, nabakhileyo kuwo batholiswa icala; ngalokho abakhileyo emhlabeni bayashiswa, kusale abantu abayingcosana nje.

Labo abaphula umthetho ngokubulala, umona, ukungalaleli abazali nakho konke okunye, bophula isivumelwano esiphakade, yibona futhi abangcolisa umhlaba kanti ngenxa yabo abakhileyo emhlabeni bazosha. Abantu bakhona abanamhawu kwabanye ngoba vele nabo abazimisele ukwamukeliswa umusa kuNkulunkulu, kanjalo-ke bavala wonke amasango wokunxusa komusa.

Kungenxa yomoya omboza wonke umuntu yingakho umoya wagcwaliswa ngoshevu wokuphinga, inkohlakalo ubugovu, ukwehlukana, umhawu, ukubulala, ukuphikisana, nokukhohlisa nakhokonke okunye okulotshwe ngaphezulu. Yingakho uNkulunkulu ekugcineni evumele lamadolobha amukeliswe umphumela wezenzo zawo ngokuvumela ukuba izwe lihlanze abantu balo. (Lev 18:25).

Umthelela wemicabango nezenzo zayo yonke indoda uyizungeze okomoya omboze umhlabawonke, kanti abanye besazi noma bengazi baphefumula lowomoya. **Lomoya usuka unomthelela oyishefu,** kanti uma lomoya uphefunyulwa, ukufa kuhlezi kuzoba ngumphumela Singakhetha ukubeka icala kuYise njengomuntu owaletha mathupha ukujeziswa phezu kwalamadolobha noma samukele isifundo esikhulu kakhulu esingasifunda ekwahlulelweni okwafika eSodoma neGomora, okuyikho ukuqonda ukuthi imicabango yethu, izenzo kanye namazwi ethu ayimbewu ezoletha umphumela ozobonakala kwimvelo. Ngakho asiceleni sizigcwalise ngomoya omnene nothobekileyo okaKrestu ozohlezinjalo unokuthula nemvelo nendalo yonke.

> Umthelela wemicabango nezenzo zomuntu zimuzugeza njengomoya ongabonwa omboze umhlaba, ophefumulwa yibo bonke abamsondelayo nanoma bengazi. **Lomoya uhlezi unomthelela ongoshefu,** kanti uma uke waphefumulwa, umphumela uba ukufa. {5T 111.1}

Izingelosi ezathunyelwa kulowamuzi azithunywanga ukuyochitha nokubhubhisa, kodwa indlela abahlali baziphatha ngayo maqondana nalezi zingelosi kwavala isicabha somusa emehlweni abo ngoba bengakholwa ukwamukela umusa.

> **Izingelosi zithunyiwa zivela emagqumeni ezulu, hhayi ukuba zizobhubhisa**, kodwa ukuze zibheke, zivikele imphefumulo esengozini, **ukusindisa abalahlekile,** nokubuyisa abadukileyo emhlambini. {RH May 10, 1906}

Lezingelosi zazizele ukuzosindisa ababedukile kulomuzi waseSodoma, zazama ukusebenza phezu kwezinhliziyo zalabo ababephambuka ukuba zibalethe esibayeni. Kunalokhu bazenza lukhuni izinhliziyo zabo, kanjalo ngomsebenzi wezithunywa ezazihlose ukusindisa, abahlali balamadolobha babhujiswa – njengalokhu uFaro wabhidliza elaseGibhithe ngokunqabela ukunxusa kukaMose ekukhululeni u-Israyeli ukuba ehambe.

Ngakho-ke ekukhanyeni kwalesisifundo sinenselela ukuba sikhethe ukubeka icala phezu kukaBaba wethu njengomenzi wokubhujiswa nokushabalaliswa kwalamadolobha, noma samukele isifundo esikhulu kunazo zonke esingasifunda ekwahlulelweni okwenzeka phezukweSodoma neGomora; okungukuqonda ukuba imicabango yethu, amazwi ethu kanye nezenzo zethu kuyinhlanyelo ezoletha isivuno esizovezwa sibonakale emvelweni uqobo. Ngakho-ke masiziceleleni sigcwaliswe ngomoya omnene nothobekile okaKrestu, ozohlezi unokuthula nendalo nemvelo yonke.

# Isililo SeSodoma neGomora

Ukubhujiswa kweSodoma neGomora yenye indaba eBhayibhelini emqoka esetshenziswa ngabantu ukuveza indlela uNkulunkulu abhubhisa ngayo bonke abanqaba ukuba ngaphansi kwakhe. Umlilo ovela ezulwini uqondwa njengoNkulunkulu uqobo lwakhe ethulula ulaka lwakhe ukuqeda izimpilo zalezo zoni ezikhohlakele kangaka ngangokuthi zingumthwalo futhi zinomthelela omubi ezweni.

Pho amazwi asengcwadini yeSambulo maqondana neSodoma achaza ukuthini?

> Isam 11:8 Nezidumbu zabo ziyakusala ezitaladini zomuzi omkhulu othiwa ngokomoya iSodoma neGibhithe, lapho nenkosi yabo yabethelwa khona.

Kwenzeka kanjani ukuthi uKrestu wabethelwa eSodoma? Akusiwo yini amadoda akhohlakele abhujiswa eSodoma? Kungenzeka yini ukuthi iningi lethu sibambekile ogibeni oluthi uKrestu washaywa nguNkulunkulu walahlwa, yebo ngisho naseSodoma nanoma kunguKrestu uqobo owabethelwa khona?

> "Nabo abamgwazayo." Lamazwi awagcini ngokukhuluma ngalabo abamgwazayo uKrestu ngesikhathi elenga emthini waseKalvari, kodwa nangalabo abamgwaza namhlanje ngokukhuluma kabi ngabanye nalabo abenzakabi. Usuku nosuku amadoda namadodakazi amenzakabi ngokunqaba ukwenza intando yakhe. {ST, January 28, 1903 par. 8}

Lendaba ibalulekile ngoba iveza ngokusobala isibonelo salokho okuzokwenzeka emva kweminyaka engu-1000 ngoba phela iSodoma yahlushwa yezwa isijeziso somlilo ophakade. (ekaJude 1:7)